# Waphiwelwani UMoya ONgcwele?

Liyabona, UMfowethu Neville uyakholwa ekubekeni izandla.

Ngiyabona ngilemibuzo ethile. Manje, ngizayithatha leyi kusasa ebusuku, ngoba kangila sikhathi sokuyikhangela lobubusuku, mhlawumbe eMbikweni wobusuku obedluleyo. Manje, nxa ekhona olombuzo waloba yiwuphi uMbiko, ibekeni nje ngobunye ubusuku obubodwa, futhi besengiyithatha ubusuku obulandelayo.

2 Manje, kusasa ebusuku ngizathanda ukuthola, kumbe ukuba lakho, bengisitsho, abanye abatshumayeli, nxa kusenzeka; nxa kungenzeki, amanye amahle, amadoda aqinileyo kumbe abesifazana labo esingababiza esikhathini sesidingo, ukuthi kungenzakala . . .

Kusasa ebusuku siyaqalisa, emva koMbiko, wokubeka izandla, futhi, okoMoya oNgcwele. Futhi-ke, kuzakuba le. . . Lilalo ithuba lenu lokuhlala khona lapha nxa lifisa ukuzihlalela, ikhefu lonke, nxa kuthatha isikhathi eside kangako ukufa. Futhi-ke—futhi-ke, nxa kungenjalo, nxa lifisa ukuya emakhaya enu, ngani, singathokoza, nxa lingangena endaweni lapho lina . . . Ungazi nje lapho okokuya khona . . .

Sifuna ukuthatha abatshumayeli, inombolo zabo, nxa beyizethekeli; inombolo zabo, lapho abahlala khona, ukuze lapho esingabathola khona ukubabamba khona kanye; futhi sihambise oyedwa ekhaya linye, oyedwa kwelinye, loyedwa kwelinye, ukuze baliphe izilayezo, lina elizadinga lesi sibusiso esikhulu leso esikhuluma ngaso, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele.

3 Ubusuku obedluleyo besikhuluma, "lokho Owawuyikho." *Wawuyini UMoya ONgcwele?* Futhi siWufumene ukuba nje yinto yonke, leyo uNkulunkulu ayithembisa kithi. Uh-huh. Phakathi Kwakho sathola khona nje lokho iBandla likaNkulunkulu elizakufuna. Siwufumene Wona ukuba luphawu, uMduduzi, ukuphumula, futhi lentokozo, futhi lokuthula, futhi lokuvuka. Futhi lakho konke lokho uNkulunkulu akuthembisayo eBandleni Lakhe, kukhona phakathi kukaMoya oNgcwele.

4 Futhi khathesi, lobubusuku, sifuna ukutshumayela mayelana, kumbe sikhulume mayelana, sifundise mayelana . . . phose ngilamabili kumbe amathathu amakhasi ezifundo lapha, kumbe iMibhalo, phezu Kwakho, kulokho . . . Ubusuku obedluleyo ngatshiya iCruden's Concordance yami ibekwe

lapha, futhi kangizange ngiyithole. Futhi nje ngasengifanele ngihambe ngokukhulu engingakwenelisa lamuhla kanye leMibhalo. Manje, futhi kusasa. . . Lobubusuku sifundisa mayelana: *Yayiyini Injongo KaNkulunkulu Ethumela UMoya ONgcwele?* Ungowani Wona? Nxa Wona uyinto enkulu kangaka, khona-ke kungani uNkulunkulu wawuthumela?

5 Khona-ke, kusasa ebusuku sifuna ukukhuluma mayelana: *UNgoWakho na?* futhi *UWuthola Njani Na?* futhi *Ukwazi Njani Lapho UsuWutholile Na?*

Futhi-ke, emva kokuba sidlula kulokho, ngeMibhalo, sikuchasise ngeMibhalo, sisebenzisa iMibhalo ezintweni zonke, khona-ke labo abadinga uMoya oNgcwele bazakuza phambili-ke. Futhi-ke ngiyathemba imvuselelo isiqalile, kusukela lapho kusiya, ukuqhubeka sisiya loMoya oNgcwele.

6 Manje, kuyikuba kusasa ebusuku abanengi bangahlala okwesikhatshana emakamelweni phakathi ebandleni, ngizwa aluba singathatha abatshumayeli abanengi lalabo bantu abalolwazi ekukhokheleni abantu ukwamukela uMoya oNgcwele, ukubakhuthaza, ukuya emakhaya lo—lomfazi lendoda yakhe, kumbe—kumbe lomuntu odinga uMoya oNgcwele, labo abalayelwe kuhle kulokho okokwenza.

Nxa lingapha nje inombolo zenu zefoni kumbe ikheli kumalusi, lobubusuku kumbe kusasa ebusuku. Kupheni nje kuMfowethu uNeville, khona-ke lokho kuzasisiza ukubuthanela umhlangano. Phana nje inombolo yakho yefoni lapho esingenelisa ukukubamba khona. Futhi-ke uthi, "Ngizakube ngitholakala, futhi nxa si. . . lifuna ukungingenisa endlini." Nxa kungu—kungumfazi eyedwa, khona-ke singathumela umfazi, bona, kulumfazi. Futhi-ke, nxa kusekhaya lapho okulendoda lomfazi wakhe, ngani, singathumela umtshumayeli.

Futhi singathokoza uba lingancedisa, ngoba ngiyazi lonke liyancedisa, lonke, lilokukhuthazela lokhu, linto eqakatheke kangako. Futhi khumbula, "Lowo osindisa umphefumulo empambekweni yakhe, usemboze ixuku lesono." Bona? Futhi uMlobokazi kaKhristu ulambile lokoma. Uyahelelwa, ukuzala abantwana bakaNkulunkulu.

7 Futhi khathesi, lobubusuku, singakabali iMibhalo, kasikhothamiseni amakhanda ethu okwesikhatshana nje sikhuleleke. Futhi nje singakakhuleki, lina elilamakhanda akhothanyisiweyo, lingaba lesicelo na? Phakamisa nje izandla zakho futhi uthi, "Nkulunkulu, ngobuqotho ngiyaphakamisa izandla zami. Ngilesidingo. Ngiyakhuleka ukuthi Uzangisiza, O Nkosi." UNkulunkulu abusise munye lamunye wenu. Uyabona izandla zenu. INgilosi sezibhale phansi izicelo zabo.

8 Futhi, Baba oseZulwini, siyeza khathesi, sisondela Kuwe njalo emkhulekweni. Lokho, okungela kuthandabuza ukuthi umkhuleko usuvele wenziwa phakathi kwabantwana

bakaNkulunkulu lobubusuku, kuleyi ndawo encinyane, lokuthi ingoma sezihlatsheliwe, futhi siphakamise inhliziyo ekugcwaleni intokozo sithokoza ekudumiseni uNkulunkulu.

9 UDavida wathi wayezakuza ebandleni labangcwele futhi enze izicelo zakhe zazakale. Futhi lobubusuku, kube lezandla ezinengi. Ingxenye, mhlawumbe, ngingathi, amaphesenti angamatshumi ayisificaminwembili alabo abahlezi kulesi sakhiwo lobubusuku baphakamise izandla zabo okwezicelo. Kuyatshengisa, Nkosi, ukuthi asingeke nje sihambe singekho kanye Lawe. Sifanele sibe Lawe, usuku ngosuku. UyiMpilo yethu, intokozo yethu, impilenhle yethu, amandla ethu asiqinisayo, ukuhlala kwethu, isihlangu sethu, ihawu lethu esitheni.

Futhi kasingeke nje silwe limpi yempilo singela Wena. Kungabe kungeke kwenzakale ngokupheleleyo kithi ukuthi sikwenze, futhi kufanele sithembele Kuwe ngokupheleleyo. Ngoba, siyazi ukuthi sihamba kwelimnyama ilizwe elifipheleleyo. Kuwo wonke amacele isitha sisivimbele, sibeka izithiyo lemijibila. Indlela zethu, Nkosi, zigcwele imijibila yesitha ukusiphazamisa.

10 Futhi thina, lathi, siyazi, ekucineni kwendlela silakho lokho okude okuyisihotsha esilithunzi esibizwa ngokuthi yikufa ukudlula kukho. O Nkosi, ngubani ozakubamba izandla zethu-ke? Sifuna ukuba kwazi Wena khathesi, Nkosi. Sifuna ukuba kwazi ukuthi Ulezandla zethu, lathi silesandla Sakho, ukuthi sibe laleso siqiniseko esigxilileyo ukuthi lapho sisiza kuleso sikhatshana sokucina esikhulu sempilo yethu, leso esingena kulowo mnyango othiwa yikufa, ukuthi singatsho kanye longcwele wasendulo, "NgiyaMazi emandleni okuvuka Kwakhe, futhi ngiyakwazi ukuthi lapho Ebiza, ngizakuphuma kwabafileyo."

11 Manje, Baba Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzabusisa izicelo zethu futhi lokubuthana kwethu. Busisa aMazwi Akho. Futhi nxa ngingakhuluma loba yini engabe iphikisana leLizwi Lakho kumbe intando Yakho, Wena ulokhu ulamandla okuvala umlomo, njenga lokho Owakwenzayo ebhalwini lwezilwane lapho uDaniyeli ephakathi. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzavula indlebe lezinhliziyo lobubusuku, ukuthi, futhi udale phakathi kwabo indlala lokoma. Makuthi bome ukuthi bangalali kumbe baphumule, lobangaphi, kuze kuthi uMduduzi abuye.

12 Siyakholwa ukuthi siphila esikhathini sensuku zokucina, ethunzini lokuBuya Kwakhe. Futhi yikho lokho iMibiko leyi eqondiswe khona, Nkosi. Kungokwabantu ukuthi babambisise, bathathe isixwayiso. Futhi makuthi, lobubusuku, sidonse nje ugebhezu, khona khathesi, silubeke eceleni kwebhentshi, sithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyisitsha Kuwe esokwamukela. Vumela uMoya Wakho uhambe kimi. Ngibumbe futhi ungenze

okwentando Yakho. Ngizanikela inhliziyo yami, amandla ami, konke okwami, kuyo imbangela Yakho."

13 Sizwe, Nkosi. Kasikho lapha ukuze sibonwe, ngalobubusuku obunayo. Kasikho lapha nje ngoba singelandawo yokuya khona. Silapha ngokweyodwa, engcwele, injongo engcwele enhliziyweni zethu, lokho yikuthi, ukusondela duzane Lawe, sisazi ukuthi Wathembisa ukuba nxa singasondela duze Lawe, Lawe uzasondela duzane lathi. Futhi yiso isizatho silapha. Lowo obuya elambile kayikuphuma elambile. "Babusisiwe labo abalambela labomela ukulunga," watsho uJesu, "ngoba bazakusuthiswa." Futhi nxa singacela isinkwa, kasiyi kwamukela ilitshe. Silaso leso siqiniseko. Futhi nxa sicela inhlanzi, kasiyi kwamukela inyoka. Kodwa, uNkulunkulu uBaba wethu uzasifunza ngeMana yaseZulwini, iLizwi Lakhe loMoya Wakhe lowo ofakaza Ngaye. Phendula imkhuleko yethu, Nkosi, futhi lezicelo zethu, lapho siqhubeka sisalindele kuWe. EBizweni likaJesu Khristu siyakhuleka. Ameni.

14 Manje, lina elibhala phansi leyiMibhalo, nxa lingavula kanye lami kuJohane oNgcwele njalo, isahluko 14. Sifuna ukuqalisa kusahluko 14 sikaJohane oNgcwele. Futhi kasiqaliseni phose indima 14, uJohane oNgcwele 14:14, futhi sibale isigaba salowuMbhalo. Manje, kulokhu uzathola inengi lendikimba engifuna ukukhuluma ngayo lobubusuku.

15 Futhi khumbulani, lina elilamaBhayibhili alenhlamvu ezilotshwe ngokubomvu, zibomvu, lokhu kunjalo. KungaMazwi lawo uJesu aWakhulumayo, ngakho-ke singaphumula siqinisekile ukuthi kuzakuba njengalokhu Akutshoyo. "Izulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa iLizwi Lakhe kaliyi kwehluleka."

Manje sizabala kusukela kundima 14 yesahluko 14.

> *Nxa lingacela loba yini ebizweni lami, Ngizakulwenza.*

Kuyisithembiso bani esibusisekileyo!

> *Nxa* li*ngithanda gcinani imilayo yami.*
>
> *Futhi ngizakucela kuBaba, futhi uzalinika omunye uMduduzi, ukuthi ahlale kini kuze kube ninilanini;*
>
> *UMoya weqiniso; lowo umhlaba ongeke umamukele, ngoba ungamboni,* . . .

Manje, lina elingabe libala kuvela eBhayibhilini lesiGriki, lingakubona phakathi lapha, hatshi . . . *Ukubona* lapho kutsho "ukuzwisisa." "Ngoba umhlaba awuMzwisisi." Lokho kuliqiniso sibili. Mangiyibale futhi khathesi.

> *UMoya weqiniso; lowo um . . . qiniso; umhlaba ongeke umamukele, ngoba ungamboni, kumbe ukubamazi: kodwa lina liyamazi;* (Ubani? uMduduzi.) *ngoba uhlala lani* khathesi (inkathi yamanje), . . . *uhlala lani, futhi uzakuba kini.*

Kuyini? UMduduzi ofanayo.

*Kangiyi kulitshiya liyizintandane: Ngi*. . .

Loba ngubani uyazi ukuthi "Ngi" yisabizwana somuntu.

. . . Ng*izakubuya kini.*

*Kuseyisikhatshana, futhi umhlaba kawusayi kungibona; kodwa lina* liza. . .*kodwa lina liyangibona mina: ngoba Ngiyaphila, lizaphila lani.*

*Ngalolosuku lizakwazi ukuthi NgikuBaba wami, futhi lani likimi futhi Lami ngikini.*

Lapho kuzakuba khona isiqokoqela somcabango wami, kodwa sizakubala phambidlana. Ake ngibale lokho futhi khathesi, njalo.

*Ngalolosuku* (usuku olukhulu, usuku lokwahlulelwa), *lolo suku lizakubakwazi ukuthi ngi*ku*Baba, futhi lani likimi futhi Lami ngikini.*

*Lowo* olemilayo *yami, futhi ayigcine yona, nguye lowo ongithandayo: futhi lowo ongithandayo uzathandwa nguBaba wami, futhi Ngizamthanda yena, futhi ngizazibonakalisa kuye.*

*UJudasi* wathi *kuye, kungeyisuye uIskariyothi, Nkosi, kwenziwa yini ukuthi uzazibonakalisa* kithi, *futhi* ku*ngesikho emhlabeni?*

Leyo *yikosmos*, "uhlelo lomhlaba." Nxa ulebala emphethweni lapho, uzananzelela. Elami lingu "g," futhi lithi lapha, *"kosmos,* kumbe uhlelo lomhlaba." Lawo ngamabandla, lokunjalo, bona.

. . .*kwenziwa yini ukuthi* uzazi*bonakalisa* kithi, *futhi kungesikho* kibo? Wena ungakwenza kanjani?

*UJesu waphendula futhi wathi kuye, Nxa umuntu engithanda, uzagcina amazwi ami:* (ameni) *futhi uBaba wami uzamthanda yena, futhi sizabuya kuye, futhi sihlale laye.*

*Lowo ongangithandiyo kagcini amazwi ami:*. . .

Engagcina amazwi ebandla; kodwa gcina amazwi Akhe, liyabona.

. . .*futhi* amazwi *lawo eliwezwayo kayisiwo ami, kodwa u*Baba *ongithumileyo.*

*Lezi izinto Ngizikhulumile kini, ngisasekhona lani.*

*Kodwa uMduduzi, onguMoya oNgcwele, lowo uBaba azamthumela ebizweni lami, uzalifundisa izinto zonke, futhi alethe zonke* lezi *izinto* (lawo, ngaMazwi Akhe) *emkhumbulweni wenu, loba yini engikukhulumileyo kini.*

Yinjongo bani uNkulunkulu athumela uMoya oNgcwele-ke? Makengeze izibusiso Zakhe eLizwini Lakhe.

16 UJesu wathi, ukuthi, "Ngalolo suku lizakubakwazi ukuthi ngikuBaba, loBaba uKimi; futhi lina li. . . Mina ngikini, futhi lina liKimi." Manje, nxa besizakukhuluma lokhu . . .

17 Manje, khumbula, lokhu kuzakuba sethephini.

Usomabhizimusi ongumKhristu, phandle kweLouisville, wangibiza isikhatshana esedluleyo. Futhi wathi, "Kulihlazo, Billy, ukuthi leyiMibiko, njengalokhu okutshiloyo ubusuku obedluleyo, akufiki kunkulungwane ezingamatshumi amane lapha kulekhulu lamatshumi amahlanu, kumbe amakhulu amabili, amakhulu amathathu abantu ethabanekeli lakho elincinyane."

18 Ngathi, "Mnumzana, enyangeni eziyisithupha kusukela khathesi, nxa uJesu ephuza, umhlaba wonke jikelele uzakuzwa lokhu." Bona?

Wona amathephu ayahamba wonke umhlaba, bona, yonke indawo. Futhi, ngakho-ke, siyafundisa lapha khathesi nje lokho esikukholwa ukubaliQiniso, lalokho esikutholileyo ukuthi uNkulunkulu ukuqinisile kithi ukuba liQiniso.

19 Manje, injongo, kuyini okwakuyi—kuyini okwakuyinjongo kaNkulunkulu ekuthumeleni uMoya oNgcwele? Manje, ngizakubhala lokho phansi, uJohane 14, kusukela indima 14, futhi sibala sisehla isahluko, okwesisekelo. Injongo kaNkulunkulu, siyafumana lapha, ekuthumeleni uMoya oNgcwele, kwakuyinjongo eyodwa, ukuthi uNkulunkulu Ngokwakhe engahlala eBandleni Lakhe futhi aqhubeke ngamacebo Akhe ngeBandla.

Ukuthi, uNkulunkulu wayekuKhristu, eqhubeka ngecebo Lakhe kuKhristu; kuphuma kuKhristu, kungena eBandleni, eqhubeka umsebenzi Wakhe ngeBandla.

20 Manje, siyakwazi lokho uMoya oNgcwele oyikho. Sifumene ukuthi, ubusuku obedluleyo, ukuthi NguNkulunkulu.

Manje, lapho sicabanga ngoNkulunkulu, uBaba, njengoJesu wakhuluma ngakho lapha, uBaba Wakhe; uNkulunkulu, iNdodana, njengoJesu; UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, njengalokho esikubiza Khona lamuhla, manje, lokho kakutsho ukuthi kuleziqu ezintathu, oNkulunkulu abehlukeneyo. Kutsho ukuthi kuloNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu.

Masikutsho njengalokhu. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthulula kuKhristu, ngoba WaZithulula futhi waKuthulula kuKhristu. "Futhi uKhristu wayeyikugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Konke lokho uJehova ayeyikho, Wakuthulula kuKhristu.

Futhi konke lokho uKhristu ayeyikho, Wakuthulula eBandleni; kungeyisuye umuntu oyedwa, kodwa kuwo

wonke uMzimba jikelele. Kulapho, esiza khona ndawonye ngokubambana, silaMandla. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, kwakukuKhristu; futhi konke lokho uKhristu ayeyikho, kukuwe.

"Ngoba uNkulunkulu wenziwa waba yinyama, futhi wahlala phakathi kwethu." UTimothi wokuQala 3:16, nxa ukubhala phansi, "Kungelakuphikisana inkulu imfihlo yobunkulunkulu: ngoba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, futhi saMbamba. UNkulunkulu, uJehova, wenziwa inyama, futhi wahamba emhlabeni, futhi saMbona ngamehlo ethu."

21 Liyazi, esahlukweni sinye, sikaJohane 14, uFiliphi wathi, "Nkosi, sitshengise uBaba, futhi kuzasisuthisa."

22 UJesu wathi, "Ngibe lawe okwesikhathi eside kangaka, Filiphi, futhi kawuNgazi? Lapho ungiBonile, usumbonile uBaba. Futhi kungani usithi Kimi, 'Sitshengise uBaba'?" UNkulunkulu wenziwa waba yinyama.

23 Manje nanko lapha. UBaba wayenguNkulunkulu phezu kwakho, sithi. Besikhona kusukela kuAdamu. UNkulunkulu, uBaba, wayephezu kukaMose labantwana bakoIsraeli, ngeNsika yoMlilo. Khona-ke, uNkulunkulu elathi, ekuKhristu; wahamba lathi, wakhuluma lathi, wadla lathi, walala lathi. UNkulunkulu ephezu kwethu; UNkulunkulu elathi; futhi khathesi uNkulunkulu ephakathi kwethu. Konke uNkulunkulu ayeyikho, kweza kuKhristu; konke uKhristu ayeyikho, kweza eBandleni.

Kuyini? UNkulunkulu esebenza ekuwe. Loba ngaphi emhlabeni lapho Angafuna ukukubiza khona, ukhona lapho, esebenza ekuwe esenza intando Yakhe enhle. Sifanele simbonge uNkulunkulu ngalokho! UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uthunyelwe okwenjongo kaNkulukulu ephila eBandleni Lakhe, ehamba esikhathini ngasinye, esebenza intando Yakhe yobuNkulunkulu.

24 Lapho abantu bekwenza inhlekisa, abakwenzi inhlekisa, benza inhlekisa Ngalowo okuthumileyo. Ngakho uJesu wathi, "Libusisiwe lapho abantu bezakukhuluma zonke inhlobo zobubi mayelana ngani, ngamanga, ngenxa yeBizo Lami. Libusisiwe." Futhi, njalo, "Bonke abaphila ngobungcwele kuKhristu Jesu bazakuhlutshwa ngokuzingelwa."

Ngoba, lapho uNkulunkulu eZazisa kuKhristu, baMzonda. Ngubani owamzondayo, ngokwedlulisileyo? Ibandla. Ibandla laMzonda, ngokwedlulisileyo. BaMzonda ngokwedlulisileyo kule—kulesidakwa. BaMzonda ukwedlula abanye bonke abantu. Kwakulibandla elamzondayo. Ngakho, ngakho-ke lapho libona *ikosmos*, "Uhlelo lomhlaba, umhlaba kaWumazanga," kutsho, "ibandla," elibizwa ngokunjalo, "kaliMazanga. Weza Kwabakhe, futhi Abakhe abamaMukelanga."

"Kodwa bonke abamaMukelayo, Wabapha amandla okuba ngamadodana kaNkulunkulu, kulabo abakholwa eBizweni Lakhe." O, kufanele simthande kanjani futhi Simkhonze! Injongo kaNkulunkulu, efuna ukuba sebudlelwaneni!

25 Njengoba, singakatshiyi leso sifundo, asisebenziseni lokhu; ngensuku zika Ruthe, emthethweni wokuhlengwa, lapho uNawomi esetshiye ilizwe, ngenxa yokuvivinywa, izikhathi ezinzima. Waya elizweni lamaMowabi, ababe buthukuthuku, abazenza amaKhristu. Ngoba, amaMowabi babevela endodakazini kaLothi, futhi babebizwa ngokuthi amakholwa, futhi bexubene. Futhi-ke indoda yakhe yafa, lamadodana akhe amabili afa. Futhi endleleni esiya ekhaya, uNawomi. . . URuthe loNawomi, endleleni yakhe esiya ekhaya, eyakhe. . . Omunye wabomalukazana bakhe, uOpha, wathi wayezakubuyela elizweni lakhe, kubonkulunkulu bakhe, futhi lasebandleni lakhe, futhi lasebantwini bakhe. Njalo uNawomi wazama ukwenza uRuthe ukuthi abuyele emuva, kodwa wathi, "Abantu bakho ngabantu bami. uNkulunkulu wakho nguNkulunkulu wami. Lapho ofa khona, lapho ngizakufela khona lami. Lapho ongcwatshwa khona, lami ngizangcwatshelwa khona. Futhi angisoze ngibuyele emuva."

26 Yikho lapho umuntu ayabe ebambe khona umbono. Akwenzi mehluko ukuthi abantu bakhe babesithini, "Uyakhona ngale ukuya kuba ngumgiqiki ongcwele kumbe olunye ulutho." Lokho akuyenzanga umehluko kuRuthe. Kwakulenjongo kaNkulunkulu okwakumele igcwaliswe.

27 Futhi nje ngokuqiniseka elilambele ngakho uMoya oNgcwele lobubusuku, yinto ephakathi kwakho, ekudonsayo, ukuthi injongo kaNkulunkulu empilweni yakho kumele igcwaliswe, njengokwakuyikho ngoRuthe.

28 Indaba inhle sibili! Angingeke ngiyitshiye nje, okwesikhatshana. Liyawazi umthetho wokuhlengwa, ukuthi lapho uBowazi. . . Liyayazi indaba yokuthi uRuthe wakhothoza njani ensimini futhi wathola isisa kuBowazi. Futhi engakamthathi, wayemele ahlenge konke uNawomi ayelahlekelwe yikho. Futhi lowo kuphela owayengahlenga ilifa likaNawomi elalilahlekile, emthethweni wokuhlenga, kwakuyisihlobo esiseduze; kwakumele kube yizihlobo eziseduze engakahlengi. Futhi lezo kwakuyizihlobo zakhe eziseduzane. Futhi kwakumele enze isibonakaliso emphakathini, ngaphandle kwesango, kumbe isivumo emphakathini ukuthi wayehlenge konke uNawomi ayelahlekelwe yikho. Futhi uBowazi wakwenza ngokukhumula isichathulo sakhe phambi kwabadala, futhi wathi, "Nxa kulomuntu lapha ololutho olungoluka Nawomi, Mina lamuhla sengiluhlengile."

29 Futhi leyo yiyo indlela uNkulunkulu ayenza ngayo, walandela imithetho Yakhe uQobo. UNkulunkulu angeke

alandele, akunike umthetho owodwa wokulandela futhi Yena alandele omunye. Uyalandela imithetho Yakhe uQobo. Khona-ke uNkulunkulu, ukuze ahlenge ibandla elilahlekileyo, umhlaba olahlekileyo, indalo elahlekileyo; UNkulunkulu, Lowo ongakhawuliyo eMoyeni, ukuhlenga usendo lwabantu olulahlekileyo, UNkulunkulu Ngokwakhe waba yisihlobo, uMuntu, iNdodana Ayidalayo esibelethweni sika Mariya. Futhi-ke wasesenza isiboniso, kumbe ubufakazi; ngaphandle kwamasango aseJerusalema, Waphakanyiswa phakathi kwamazulu lomhlaba, futhi wafa, njalo wahlenga konke. Futhi ekopheni igazi, Wangcwelisa iBandla ukuthi Yena Ngokwakhe angaphila kilo, futhi abelobudlelwano njalo ahlanganyelane lalo, leyo ndawo yobudlwelano elahlekileyo kusukela esivandeni saseEdeni lapho uNkulunkulu ayesehla phansi intambama yonke, isikhathi sebandla.

Like lananzelela na? UNkulunkulu wehla phansi ngokuphola kwelanga, ekutshoneni kwelanga. Kulenye into emayelana lokuqala kobusuku, abantu bacabanga ngebandla langoNkulunkulu; amaKhristu. Liyabona ilanga litshona, liyananzelela ukuthi ilanga lenu selitshona.

30 Futhi ngokuphola kwantambama Wayesehla phansi futhi ahlangane labo. Futhi lapho Walahlekelwa yibudlelwano lobo, ngoba isono sasiNgamvumeli ukuthi akwenze.

Futhi-ke Wenziwa inyama futhi wahlala phakathi kwethu, ukuze Aphenduke njalo emuntwini, futhi aphile emuntwini, futhi abuyisele umuntu esimweni sokudlelana Laye njalo, futhi amuphe ilungelo lakhe aliphiwe nguNkulunkulu. Yikho lokho Akwenzayo.

31 Yiyo injongo kaMoya oNgcwele. KunguBaba, njalo, uNkulunkulu uBaba ehlala kuwe, esenza amacebo Akhe, ukuqedisa icebo Lakhe lokuhlenga; esebenza ngawe, ekwenza ube ngosebenzelana Laye; ekupha indawo, ekupha ingxenye yowileyo, umfowenu lodadewenu olahlekileyo; ekupha uMoya Wakhe lothando Lwakhe, ukuthi uyezingela abalahlekileyo, njengalokho Akwenzayo esivandeni saseEdeni. "Adamu, Adamu, ungaphi?" Yikho lokho uMoya oNgcwele akwenzayo endodeni kumbe kowesifazana. Lapho Utshaya enhliziyweni yabo futhi uthathe indawo Yawo yokuhlala, kulokoma lokulambela imimoya elahlekileyo.

Yiyo indaba ngemihlangano lamuhla. Akula kubamba kukaMoya okweneleyo kukho, ukuhambela imimoya elahlekileyo labafayo. Kanengi yikwenza ibizo, kumbe ibandla, kumbe isakhiwo, kumbe inhlanganiso yesonto, kulohlelo lokuzuza imiphefumulo. Kulusizi olunganani! Singahlala kikho okwesikhathi.

UNkulunkulu waZithulula kuKhristu. Kuqondile.

32 UKhristu waZithulula eBandleni. Ngakho-ke, manje khangelani, "Ngalolosuku lizakubakwazi ukuthi ngikuBaba, futhi lani liKimi, futhi Lami ngikini. Ngalolosuku lizakubakwazi." Ngoba, yikuthi, into yonke licebo elilodwa lokuhlengwa lisehla phansi, ukuthi uNkulunkulu ephenduka ukuzophila phakathi, futhi ahlale kanye, futhi ahlangane labantu Bakhe, njengalokho Akwenzayo ekuqaleni.

Manje, khona-ke, lapho eletha iBandla Lakhe ezimweni zokukhuluma, alethe iBandla Lakhe endaweni leyo Angageleza esebenza, futhi athande, futhi ancenge, njalo abe lobudlelwano, khona-ke kuzabuya iEdeni. Uzabuyisela iBandla Lakhe lapho Ela—ElaMtshiya khona, ukubuyela eEdeni njalo, lapho Elawa khona. Lona, manje . . . Yikho lapho Elayenza ukuqala Kwalo, kumbe ukuwa. Yikho lapho Elizabuyiselwa khona, lokuhlengwa konke okungelasici, ebaletha khona kanye kuleyondawo njalo.

33 IBandla belisemhlabeni okwesikhathi esithile. Futhi iBandla, sibili, ngemva kweNguquko, eyeminyaka engamakhulu alitshumi lanhlanu ezikhathi zobumnyama . . . ULuther wayengumguquli wokuqala ukuza ngemva kokuqala kwabapostoli. Futhi-ke lapho uLuther esebuyile, uNkulunkulu wathontisela kancinyane okukaMoya futhi waKuthulula phezu kweBandla, ekulungisisweni. Futhi-ke ensukwini zikaWesley, Wathulula okunenganyana Kwakhe, ekungcwelisweni. Futhi njengesikhathi sesikhulile, kusiya esikhathini sokucina, uNkulunkulu ubegcwalisa iBandla Lakhe. Thalaza nje ufumanise nxa lelo kuliQiniso, kumbe kungeyisilo.

34 Khangela isikhathi samaLutheran, lina elibala imbali, khangelani imvuselelo yabo lalokho abakwenzayo. Khangelani ukuthi imvuselelo kaWesley yayinkulu okunganani, babelamandla amanengi okunganani, kodwa beyingcosana. Khangelani ensukwini zePhentekhosti, babele mvuselelo enjani ngalesosikhathi, enkulu kanganani, eyathanyela ndawozonke.

35 Futhi, *ISethekeli Sethu SangeSonto*, iphepha leKatolika, lapha isivumo ukuthi amaPhentekhosti aletha isigidi lenkulungwane ezingamakhulu amahlanu zabaphendukayo emnyakeni owodwa, bedlula wonke amabandla ndawonye. AmaKatolika aguqula kuphela, bathi, isigidi. Kwesabo *ISethekeli SangeSonto,* iphepha elithiwa *yiSethekeli sangeSonto,* banika isitsho ukuthi amaPhentekhosti babedlula.

Futhi, khumbula, ukuphenduka ePhentekhosti kuyikuphenduka kokugcwaliswa nguMoya oNgcwele. Kwabayingcosana, okokuqala, ehlangothini lwemkotweni phandle lapho, le—lekatali endala. Futhi abafazi babengenelisi ngitsho ukuba lepheya yamasokisi eyodwa. Belele phandle lapho esipolweni sesitimela, futhi bedobha amabele futhi bewachola, njalo besenzela abantwana babo isinkwa. Kodwa kwafika ngaphi? Ibandla elilamandla sibili elimileyo emhlabeni

lamuhla, kungayisikho emehlweni omhlaba, kodwa emehlweni kaNkulunkulu, ngoba Uyakutshengisa ngalokho Abenzela khona. UyaZithulula kubo, eWuthulula phakathi.

36 Nanzelelani manje lokho okwathatha indawo, uNkulunkulu eZithulula kibo. Manje iBandla selifike endaweni, kusukela kuLuther, Wesley, futhi lemvuselelo isisiya ePhentekhosti; futhi khathesi esikhathini lesi esiza kuso khathesi, ngoMoya oNgcwele ofanayo, ubunengi Bawo nje. Manje, lapho wona amaLutheran ngemuva-le esindiswa, bathola ingxenye kaMoya oNgcwele. Lapho amaMethodisti engcweliswa, lowo kwakungumsebenzi kaMoya oNgcwele. Bona, kwakuyingxenye kaMoya oNgcwele. "Bona bengelathi abapheleliswanga," utsho uMbhalo. Bona?

37 Manje, uNkulunkulu, njengokuKhanya sekuqalile ukukhazimula ensukwini zokucina, Ukhangelele kithi, into enkulu kithi. Ngoba, "Lapho okulokunengi okuphiwe khona, kulokunengi okufunakalayo." Ngakho uzafuna okunengi sibili kithi kulalokhu Akwenza kumaLutheran kumbe amaMethodisti, ngoba sihamba ekuKhanyeni okukhulu, laMandla amakhulu, lobukhulu . . . u—ubufakazi obukhulu ukwedlula ababelabo. Manje, silobufakazi obukhulu bokuvuka. Silezinto eziqotho kakhulu, ngokuqiniseka ukwedlula ababelazo.

38 Kodwa kufana lengakukhulumayo ekholeji yamaLutheran, kungasikude.

Bathi, "Kuyini esilakho?"

Ngathi, "Umuntu wahlanyela insimu yengqoloyi. Amahlumela okuqala amancinyane aphuma, futhi wathi, 'Bonga iNkosi nge—ngesilimo sengqoloyi!' Wayezakuba, laso, kodwa wayelakho esimweni sokuqala. Kusiya ngokuya, kwaba luhlanga."

Futhi isitshakala saphuma kukho, okwakungamaMethodisti.

39 Nxa ungakhangela imvelo, uzabona uNkulunkulu esebenza. Kulemfihlo ehlezi lapho ehamba lenkonzo yami. Bona? Lokho, ukhangela imvelo, khangela ukuthi kwenza njani, isikhathi bani futhi libanga liphi, ungabona lapho ophila khona. Khangela isikhathi.

40 Manje, khona-ke, amaMethodisti, babeyizitshakala. Bakhangela emuva kumaLutheran, bathi, "Silokungcweliswa; lina alila lutho Kukho."

Ngokuya lokuya, kusuka kuleyompova, kusukela kumaMethodisti, kwabuya uhlamvu lwe . . . indlebe yengqoloyi. Leyo kwakuyi Phentekhosti.

Nanko-ke, ukulungisiswa, isigaba esisodwa Sakho. Ukungcweliswa, esinye isigaba Sakho. UMoya oNgcwele, esinye isigaba Sakho; IPhentekhosti. ULuther, Wesley, Phentekhosti.

41 Manje kuyini lokho okwenza iPhentekhosti? Ngikufanisa, ngoba, ePhentekhosti, kwabuyisela, hatshi uhlamvu oluluhlaza, hatshi isitshakala, kodwa . . .

Ingqoloyi ayingeke ithi esitshakaleni, "Angilamsebenzi lawe." Kumbe, isitshakala asingeke sithi e—ehlamvini, "Angilamsebenzi lawe," ngoba impilo efanayo eyayisehlamvini yenza isitshakala. Impilo efanayo eyayisesitshakaleni yenza indlebe.

Futhi kwakulibandla leLutheran elenza ibandla likaWesley. Kwakulibandla likaWesley elenza iPhentekhosti.

Kodwa, iPhentekhosti, kuyini? Yikubuyiselwa kohlamvu olufanayo olwangena emhlabathini ekuqaleni, luletha konke ukugcwala kwaMandla ePhentekhosti, ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, bona, ensukwini zokucina. O, yinto enkulu, ukukhangela, ukukholwa lokukhangela.

42 Manje esikhathini lesi esiphila kuso, lesisikhathi, singaphambi kwePhentekhosti.

IPhentekhosti isizihlalise ezinhlanganisweni, futhi yaqala ukwenza inkohliso ngezinhlanganiso, "Siyi*lokhu* futhi siyi*lokho*." Leyo yimvelo nje. Awungeke nje wenze lutho ngakho. Yimvelo. Bazakwenza lokho. Licebo, ukuthi bakwenze lokho.

Kodwa iBandla selihambe phambili. Selihambe kokukhulu, okulamandla amanengi. Yikubuyiselwa kwezipho.

Futhi labantu bePhentekhosti abanengi abakholwa ekusilisweni nguNkulunkulu, inkonzo yeziNgilosi, lamandla kaNkulunkulu. AmaPhentekhosti abanengi babiza imibono leyi engiyibonayo, "udeveli." Inhlanganiso ezinengi azilani lokwenza Ngakho, ePhentekhosti. Bona, sesihambe sedlula lokho. NjengamaMethodisti abiza amaPhentekhostali, "bayahlanya," ngokukhuluma ngendimi. Njengokuba amaLutheran abiza amaMethodisti, "abahlanyayo," ngokuklabalala. Bona?

Kodwa konke yikubuya kukaMoya oNgcwele, kuze kuthi iBandla elikhulu liyagcwaliswa, futhi lagcwaliswa phamu, haleluya, ngamandla amakhulu kaNkulunkulu uSomandla. Kuze kuthi, sekufike endaweni lapho imisebenzi uqobo eyenziwa nguJesu izibonakalisa ngokwayo ebandleni khathesi. Sesiseduze, bangane.

43 Ake ngime lapha, okomzuzu nje, ukuletha lokho uNkulunkulu akufakela khona uMoya oNgcwele eBandleni, ngilinike omunye umfanekiso ukuze libekwazi. Emuva kuThestamente eliDala, lapho u—umntwana . . .

Umuntu wazenzela umuzi. Wathola umlobokazi wakhe, yinto yokuqala.

Khona-ke waba yindoda enkulu, njengenhlanganiso. Lokho kwakukuhle.

Into elandelayo eyenzakalayo, kweza ukuzalwa kulowomuzi. Yikho lapho uMoya oNgcwele, bona, omunye umoya wangena, okwakuyindodana. Leyo ndodana, wayenga phathanga konke, futhi waye ngasondlalifa aze afikise iminyaka ethile. Futhi kwakumele ahlolwe, kuqala. Yebo.

Futhi-ke babelomthetho wokubeka ubuntwana. Kini batshumayeli, "ukubekwa kwendodana," yikho engikhuluma ngakho khathesi, bona, khona-ke lapho efika endaweni lapho ayebekwa ubuntwana khona. UJesu wapha umzekeliso omuhle ngakho, eNtabeni yokuGuqulwa.

44 Njengoba ngitshilo, uNkulunkulu kasoze aphume phandle kwemithetho Yakhe ukwenza ulutho.

Nxa ulomthombo ontshazayo oqaqeni *lolu*, ukhaphaza amanzi indawo yonke emoyeni, futhi lasoqaqeni lolu *lapha*, ulesilimo esitshayo, ungama oqaqeni lolu futhi umemeze, "O, manzi, fika ngapha futhi ugcwalise isilimo sami! O, manzi, fika esilimweni sami!" Akusoze kukwenze lokho. Kodwa nxa ungasebenza ngokwemithetho yamandla okugeleza, ungathelezela leso silimo.

45 Ulomuntu ogulayo olele lapha, kumbe isoni esilele lapha, kumbe umuntu ofuna ukulunga, ongakwanisiyo ukutshiya ukunatha, ongakwanisiyo ukutshiya ukubhema, ongakwanisiyo ukutshiya inkanuko lezinto. Nxa ungasebenza ngokwemithetho kaNkulunkulu, yeka uMoya oNgcwele angene phakathi lapho, khona-ke akasenguye owakhe. Yena, uzatshiya leyonto, ngoba uMoya oNgcwele uyamthatha. Kodwa kumele usebenze ngokwemithetho kaNkulunkulu, imilayo kaNkulunkulu.

46 Manje, kuThestamente eliDala, lapho lumntwana esezelwe, bamkhangela, ukubona ukuthi wayeziphethe njani, ukuziphatha.

Khona-ke ubaba, eyindoda enkulu yamabhizimusi ngalesi sikhathi, mhlawumbe kumatshumi amane akhe kumbe amatshumi amahlanu, wayengela sikhathi sokufundisa lumntwana, ngokwakhe, ngakho wathola...Kulezonsuku babengela zikolo zomphakathi njengalezo abalazo khathesi, ngakho babelalokho abakubiza ngokuthi "utitshala," kumbe "umkhulisi," umbalisi wesikolo. Futhi umbalisi wesikolo lowu wayengomkhulu ayengamthola, ukuze abe ngoqotho futhi atshele ubaba iqiniso ngakho.

47 Futhi-ke lapho lumfana esefike eminyakeni ethile, sithi, wayesekhulile. Nxa lumfana wayeligwelegwele, engalunganga, enganaki ibhizimusi likayise; konke ayekucabanga kwakuyikudlala lokugijima labafazi, kumbe—kumbe ukunatha, kumbe ukubheja, kumbe umjaho wamabhiza; lowomfana wayezabe elokhu eyindodana, kodwa wayengafakwa esikhundleni sokuba yindlalifa kukho konke uyise ayelakho.

Kodwa nxa wayengumfana olungileyo, futhi engophatheke ngomsebenzi kayise, futhi watshengisa ukuba ngumntwana olungileyo, khona-ke babesiba lomkhosi. Bathatha umfana phandle esitaladeni futhi bamgqokise ingubo emhlophe, futhi bambeke phezu kwengalane ukuze idolobho lonke likubone. Benza idili lejubili, futhi ubaba-ke abe lomkhosi wokubeka ubuntwana. Wabeka indodana yakhe ubuntwana ebhizimusini lakhe, futhi-ke indodana yayisilingana loyise. Ngamanye amazwi, nxa kade kulamuhla, ibizo lendodana etshekini lalifana lelikayise.

48 Manje khangela lokho uNkulunkulu akwenzayo. Lapho iNdodana Yakhe izalwa, Wamyeka wahamba okweminyaka engamatshumi amathathu, Emhlola, Emvivinya. Khona-ke WaMnika iminyaka emithathu yokulingwa okulukhuni. Futhi-ke ekupheleni kokulingwa okulukhuni, lapho Esebonile ukuthi iNdodana Yakhe yayingomsebenzi kaYise; INtaba yokuGuqulwa, iBhuku lika Lukha; Wathatha uPhetro, uJakhobe, loJohane, ofakazi abathathu, futhi waya phezulu esiqongweni sentaba, futhi lapho uNkulunkulu wayenza imithetho yokubeka ubuntwana. Wa. . .Bakhangela phezulu futhi babona uJesu, futhi impahla Zakhe zacazimula zimhlophe njengombane. Futhi njenge Yezi limeMbesa, futhi iLizwi laphuma eYezini, futhi lathi, "Leyi yiNdodana Yami Ethandekayo; umzweni Yena. Ngizahlala phansi manje futhi ngingabi lokokukhuluma. Lokho akutshoyo ngumthetho leQiniso."

49 Manje ibandla seledlule ezikolweni lezo. Watshada ngemuva ngale, isikhathi eside esedlulayo, futhi waba yinhlanganiso yesonto, inhlanganiso. Kodwa, liyananzelela, ukuZalwa kwaletha enye into. Futhi khathesi sekufike endaweni lapho ibandla lePhentekhosti, lokuZalwa okutsha, lihloliwe lavivinywa, futhi khathesi sekusiza endaweni. . .UNkulunkulu akasebenzi leBandla njengenhlanganiso nje. Akasebenzi leBandla njenge—njengeqembu labantu.

Usebenza leBandla njengomuntu ngamunye, umuntu munye eBandleni. Futhi manje sekufike esikhathini. . .Futhi akusimfihlo; sonke siyakubona. Lapho umuntu etshengisa, futhi uNkulunkulu emthanda, uyamkhupha kwenye indawo ukuba abe Laye. Lapho phambi kweNgilosi Uyamenzela olunye ulutho. Uyamphakamisa lapho eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi amuphe izipho, futhi amgcwalise, njalo ambeke phandle. Yiso isikhathi esiphila kuso.

50 UMoya oNgcwele ofanayo owasindisa amaLutheran, owangcwelisa amaMethodisti, owabhaphathiza amaPhentekhosti, khathesi usehlela ukuBuya kweNkosi uJesu. Lapho, kuzakuba lamandla kangako, lowoMzimba, uzabuya eQenjini leli, iBandla, kuzadonsa abanye babo bonke ethuneni. Kuzakuba lokuvuswa. Yikho lokho uMoya oNgcwele

ongowakho. Uyini uMoya oNgcwele? "Singekho thina angeke bapheleliswe." Baphila ngolunye usuku, ngaphansi kwalokho. Siphila kolunye usuku.

"Nxa isitha sibuya njengesikhukhula, Ngiza . . . uMoya kaNkulunkulu uzaphakamisa isilinganiso esimelana laso." Bona? Sisesukwini khathesi . . .

51 Emuva-le, babengakhaliphanga ngitsho ingxenye njengalamuhla. Babengakwanisi ukwenza ibhomba ye-atomu kumbe imota. Babengela sayensi lezinto njengalezi esilazo khathesi, kodwa, futhi lezinto ezifihlakeleyo; ukuzama ukuthi umuntu wavuthelwa ndawonye, ngothuli lokunjalo, futhi bethathe ukuhlola futhi bazame ukukufakaza, ukwenza abantu abangakholwayo ebantwini.

Kodwa manje, lapho siKufuna, uMoya kaNkulunkulu uyaphakamisa isilinganiso. Kuyini? Uyathulula uMoya Wakhe. Khona-ke, labo abaphumulileyo ethuneni, kumbe ngaphansi kwelathi likaNkulunkulu, njengoMbhalo usitsho, bayakhala, "Kuze kube nini, Nkosi? Kuze kubenini? Kuze kuthathe isikhathi esinganani?" UNkulunkulu ulindele kimi lakuwe. IBandla lilendele kimi lakuwe. Isikhathi sokubekwa ubuntwana, lapho uNkulunkulu engathulula kithi ukugcwala Kwakhe, Amandla Akhe, ukuvuka Kwakhe, lapho iBandla loKhristu besiba seduzane sibili uKhristu aze abonakale phakathi kwethu, futhi avuse abafileyo, futhi siye oHlwithweni.

52 Manje sizakuthi, sitshengise ngemva kwesikhatshana, ukuthi labo abagcwaliswe nguMoya oNgcwele bayangena kulolo Hlwitho. "Ngoba bonke ababefileyo abaphilanga okwesikhathi esiyiminyaka eyinkulungwane." Kunjalo. Abantu nje ababegcwaliswe nguMoya oNgcwele yibo kuphela abangenayo oHlwithweni. Manje, uNkulunkulu wapha uMoya oNgcwele . . .

53 Ngilomunye uMbhalo lapha, kuJohane 14:12. Lowo nguMbhalo owejwayelekileyo ebantwini bonke lapha eThabanekeli.

*Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Lowo okholwa kimi . . .*

Manje, lingavumeli ibala lelo "okholwa" lingathi liyalibuyisela emuva. Ebandleni lokubizwa nje, sithi, "Yebo, ngiyakholwa. Sibili, ngiyakholwa uJesu Khristu uyiNdodana kaNkulunkulu." Udeveli ukholwa into efanayo. Yikho kanye. IBhayibhili yathi uyakwenza.

Kodwa uMbhalo uthi, kuJohane, ukuthi, "Akulamuntu ongabiza uJesu uKhristu, kuphela ngoMoya oNgcwele." Umbizile, khona, ngoMbhalo . . . Ake ngime lapha okomzuzu nje, ngingakaqedi ukubala. Awukaphenduki uze wamukele uMoya oNgcwele. Kunjalo.

54 Ukholwela "ku." UMoya oNgcwele ukhulume kuwe, futhi umvumile emphakathini. Udeveli ulento efanayo. "NgiyaMkholwa ukuba yiNdodana kaNkulunkulu." Kanjalo lodeveli uyakwenza. Kodwa uhamba usiya Kuye.

Lapho, uPhetro ebiziwe futhi walungisiswa, ngokukholwa eNkosini uJesu Khristu; futhi kuJohane 17:17, uJesu wabangcwelisa ngeLizwi, ngoba iLizwi laliliQiniso. Futhi WayeyiLizwi. 1, Johane uthi, "Ekuqaleni kwakuliLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, futhi iLizwi lalinguNkulunkulu. Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama, futhi lahlala phakathi kwethu." WayeyiLizwi, ngakho Wabangcwelisa. Wathi, "Baba," ekhuluma kuMoya oKuye, "Ngiyabangcwelisa ngeLizwi," Ngokwakhe, ngokubeka izandla Zakhe phezu kwabo. "ILizwi lakho liliQiniso." WaMkhuluma wabakhona, esibelethweni sowesifazane; o, kwakungenzeki sibili ukuthi Abe ngenye indlela ngaphandle kweLizwi leli likaNkulunkulu ukumenza Abonakalise. "Ngiyabangcwelisa."

55 Wabapha amandla phezu kwemimoya engcolileyo. Yaphuma phandle. Wabeka amabizo abo eBhukwini leWundlu lokuPhila. Futhi wabathuma, uJohane . . . uMathewu 10, futhi wabapha amandla phezu kwemimoya engcolileyo; bakhupha imimoya emibi, futhi benza imisebenzi, lokunjalo. Futhi baphenduka, bethokoza, bathi, "Labodeveli bayazithoba phansi kwethu."

Wathi, "Lingathokozi ngoba odeveli baphansi kwenu; kodwa thokozani ngoba amabizo enu aseBhukwini." Futhi uJudasi wayelabo. Bona ukuba engasondela eduze okunganani; khona kusiya phezulu ekulungisisweni, ahambe khona ekungcwelisweni. Kodwa watshengisa ngaphi ukukhanya kwakhe? Wazitshengisa ngaphi? IPhentekhosti ingakafiki, watshengisa imibala yakhe.

56 Khangelani, lowo moya uzabe ungcwele nje futhi ulalise inkophe ngakho konke, kuze kufike eMoyeni oNgcwele, futhi bazakuquma Khona lapho. Yiwo lowomoya (alikuboni na?) ukhwela, umphikukhristu. Futhi uJesu wathi, "Izakuba iseduzeduze, ensukwini zokucina, izakukhohlisa abaKhethiweyo uba kusenzeka." Kodwa, khumbulani, ngabaKhethiweyo kuphela abazakubona.

UNkulunkulu ubiza ngokhetho. Wena, awuthokozi na ukuthi ungomunye wabo? Alinjalo, bantu lapha lobubusuku, usazi ukuthi enye into enhliziyweni yakho iyadonsa, "Ngifuna lowo Moya oNgcwele. Ngifuna Wena, Nkosi, enhliziyweni yami"? Kungenxa yokuthi uNkulunkulu wafaka ibizo lakho eBhukwini leWundlu lokuPhila umhlaba ungakasekelwa. Wakutsho lokho.

"Akulamuntu ongeza Kimi," watsho uJesu, "ngaphandle uBaba Wami emdonsile kuqala. Futhi bonke abaza Kimi, Ngizabanika Impilo elaPhakade." Kuyini iMpilo elaPhakade? UMoya oNgcwele. "Impilo elaPhakade," thatha ibala lelo

